**HILLCREST HIGH SCHOOL**

**ISIZULU ULIMI LOKUQALA LOKWENGEZA (FAL)**

**IPHEPHA LESIBILI (PII)**

**NOVEMBA 2015**

**MOTHER TONGUE**

**IBANGA LE-11**

**GRADE 11**

AMAMAKI: 70

ISIKHATHI: AMAHORA AMA-2

LELI PHEPHA LINAMAKHASI AYI-7

IMIYALELO KWABAHLOLWAYO

1. Fundisisa kahle imiyalelo ngaphambi kokuphendula imibuzo.
2. QAPHELA ukuthi izimpendulo zakho zihambisana nemiklomelo yombuzo ngamuye.
3. Bhala izinombolo zezimpendulo zakho ngale ndlela ezibhalwe ngayo emibuzweni.
4. Bhala ngesandla esibonakalayo.
5. Qala ISIQEPHU NESIQEPHU ekhasini ELISHA.
6. Kulindeleke ukuba uliphendule lonke leli phepha.

ISIQEPHU A: INOVELI

UMBUZO 1: ITSHWELE LEMPANGELE – MV BHENGU

1. Funda lesi siqephu bese uphendula imibuzo elandelayo ngemisho ephelele.

> Wafuna indawana yokuhlala phansi uRaimoonash. Wayezwa amandla encipha emzimbeni, nesiyezi sikhokhoba sifuna ukumqumba phansi. Kwakunesiphuzi sikakhonkolo lapho babezithamundela khona. Wahlala phansi, wakhipha iduku esikhwameni wesula izithukuthuku. Wadonsa umoya mawala wabuye wawukhipha mawala.
>
> "Ngizoyithini kodwa le ndaba? Ngizoqala ngithini nxa ngikhuluma noShantha ngaleli hlazo asithele ngalo? Ngizothini lapho ngibikela uyise? Sihamba nje abantu basikhomba ngezithupha basichayela izandla? Nabasihlekisayo bayazenzisa, basiphimisela ngamathe nxa sifulathele? Hawu! Yeka ukuzala! Kazi usuke ekhalelani umntanami?"
>
> "Mana isibindi ngane kaMa, akukabi kubi kakhulu njengoba esenguye, engakakhulelwa. Izinsizwa ezimnyama zidume ngokuyenga amantombazane, ziwakhulelise qede zibaleke ziyosithela, sisale nengane engenayise isiphukuphuku sentombazane. Yizinkunzi zohlobo lezi, ezingenandaba nomshado. Nalabo abashadile kumane ukwenza nje. Baqhubeka nayo yonke imisebenzi yobunsizwa beshadile. Ucabanga ukuthi zivelaphi lezi izingane ezimnyama ezingenabani, ezisakazeke nemigwaqo emadolobheni?"

1.1 Yizindaba ezithini lezi ezazethusa uRaimoonash lapha? (1)

1.2 Ngubani igama nesibongo sendodakazi kaRaimoonash okukhulunywa ngayo Lapha (1)

1.3 Ukuphi umuzi wakubo kaShantha lo okukhulunywa ngaye lapha? (1)

1.4 Ubani igama nesibongo sowesilisa othandana noShantha? (2)

1.5 Bahlangana kanjani oShantha nalo wesilisa okuthiwa usemqomile? Chaza ngamaphuzu amathathu. (3)

1.6 Ngokucabanga kwakho ikhona yini into embi noma enhle ngokuthandana kwabantu bezinhlanga ezahlukene? Sekela impendulo yakho ngamaphuzu amathathu. (3)

1.7 Ubani igama lowesifazane owabona uShantha ehleli nowesilisa emotweni? (1)

1.8 Chaza lezi zimo zokukhuluma ezilandelayo:

1.8.1 Ukumqumba phansi (2)

1.8.2 Ukudonsa umoya mawala (2)

1.8.3 Ukucwilisa izinyawo emanzini (2)

1.9 Kuliqiniso noma umbono yini ukuthi abantu besilisa abamnyama badlala ngamantombazane? Sekela impendulo ngokwenzeka endabeni. (3)

1.10 Ukuphi nendawo umuzi wakubo kaNdelebuli lo ohamba noShantha lapha? (1)

1.11 Yayibizwa ngaliphi igama indawo ababevela kuyo oShantha? (1)

1.12 Babeyokwenzani ePhayindane ngalolu suku? Chaza ngamaphuzu amabili. (2)

1.13 Ufuzo luyedlulela, sekela lo mbono ngamaphuzu amabili ngokubhekisa kuNdelebuli noSonqisha. (2)

1.14 Lukuphi uvuthondaba lwale noveli "Itshwele Lempangele"? (2)

1.15 Gwalisa le misho elandelayo ngokubhala igama elifanele. Bhala igama kuphela.

1.15.1 Igama lo mfana owayelusa izinkomo kwaKhoza u- .......... (1)

1.15.2 Umndeni kaSonqisha wasuka ngaphansi kwenkosi u......... Mkhwanazi. (1)

1.15.3 Igama lesibhedlela uShantha aye kohlola ikhono i........ (1)

1.16 Phendula le mibuzo ngokuthi iPHUTHA noma IQINISO.

1.16.1 USalim wayefuna ukuthengela uNdelebuli ababulali ngemali eyi-R25 000. (1)

1.16.2 Abazali baka Paul kwakungo Jill McDonald noChris Johnson. (1)

1.16.3 UShantha no-Amintha babefunda eStanger High ibanga lokugcina. (1)

ISAMBA SESIQEPHU A :35

ISIQEPHU B: IZINDABA EZIMFUSHANE

UMBUZO 2: IZINYEMBEZI ZOTHANDO DBZ NTULI

**Lo mbuzo uyompoqo kumele wonke umfundi awuphendule**

2. Funda lesi siqephu bese uphendula imibuzo elandelayo ngemisho ephelele.

> Aqalaze. Ngabe ukuphi? Aphakamise ikhanda, athole ukuthi liyamsinda. Aphakamise isandla ethi uzama ukuhlikihla amehlo, athole ukuthi siyamsinda. Avale amehlo azame ukucabanga. Usekhaya? Ngabe isikhathi sini? Uselwe yini? Kanti olwesingaki? Ezwe amazwi akhulumela kude. Kubuye kuthi zibaba, afikelwe isithongwana. Umzuzwana aphaphame. Nxa ebhekisisa sekuyakhanya, futhi usendlini. Yindlu yodaka, ifulelwe ngotshani.
>
> Ezwe manje izwi likhuluma naye, "Sawubona! Ungubani igama lakho?" Noma esezama kanjani uSebenzile ukukhuluma lo muntu akamuzwa. Kusho ukuthi ilizwi lakhe aliphumi. "Kulungile-ke. Ake uphumule. Kodwa ake uphuze kancane lapha ngaphambi kokuba ulale." Ngemuva kwamathamo amabili, amathathu, azizwe esenele. Athi lapho ethi uyabonga lingaphumi izwi. Amamatheke lo mama obemphuzisa athathe athi, "Lala-ke uphumule. Siyabonga ngoba usuphapheme mntanami."
>
> Uphinde waphashaphaziswa ilizwi elimumemezayo. Hawu! Lapho evula amehlo, abone ukuthi ubephupha. Ubemenyezwa umuntu oshayela imoto eyongena emfuleni. Umzimba ubuhlungu wonke, ikhanda liyasinda, liqhekezeka phakathi. Esabuka umbhede alele kuwo, nale ndlu alele kuyo, athole ukuthi akazi nakancane ukuthi ukuphi. Kuvuleke umnyango kungene ukukhanya okucwazimulayo. Kungene umama oseqinaqinile nje, ulandelwa umhlengikazi....... kanjani? Kanti ukuphi?
>
> "Hawu, sawubona-ke ntombi! Unjani namuhla?"
>
> "Ngikuphi lapha? Ngubani mina?" Bajabulele ukuthi useyakhuluma.

| | |
|---|---|
| 2.1 Ubani igama nesibongo salo oqalazayo lapha? | (2) |
| 2.2 USebenzile ukuphi njengoba eqalaza lapha? | (1) |
| 2.3 Yini le emenze wagcina esekule ndawo asekuyo manje? Chaza ngamaphuzu AMANE ngokwamehlela. | (4) |
| 2.4 Ubani igama lendoda ayehamba nayo esitimeleni? | (1) |
| 2.5 Chaza lezi zimo zokukhuluma njengoba zisetshenzisiwe esiqeshini esingenhla: | |
| 2.5.1 Ukufikelwa isithongwana | (2) |
| 2.5.2 Umama oseqinile | (2) |
| 2.6 Kwakungubani igama lendoda ayeya koyibona uSebenzile? | (1) |
| 2.7 Babazana kanjani lo owesilisa owayehamba naye nalo ayeya kuye uSebenzile? Chaza ngephuzu elilodwa | (1) |

2.8 Yisiphi isifundo esisifunda kule ndatshana? Chaza ngamaphuzu amabili. (2)

**[16]**

**Phendula umbuzo 3 noma umbuzo 4**

3. Funda lesi siqephu bese uphendula imibuzo ezolandela

> Empeleni okwakwenzekile ukuthi uDave wayeqale ukumbona uValerie eminyakeni eyishumi mhla iqala ngqa ukuvulwa le bha. Njalo uma ezohlola le bha uDave wayeyibona le ntokazi yakwaBennett ihlezi kulelo tafula eyayiqale ukuhlala kulo kuvulwa, selaziwa ngokuthi yi-'tafula likaValerie'. Laliba linye ibhodlela kuleli tafula, kuba yiphayinti yobhiya, usikilidi emlonyeni, bese kuba yincwadi ayehlala ahlale azilibazise ngayo. Nsukuzonke kusihlwa, nangeMigqibelo kusukela emini lize liyoshona, wayehlala lapha uValerie egqoke kahle sengathi wayeyisebenzela le bha. Akekho owayezithokozisa kule bha owayengamazi uValerie Bennett owayentanganye noMcCall, sebeqinaqinile.
>
> Eminyakeni eminingi uDave owayenganake luthu olunye emhlabeni ngaphandle kokuba matasatasa namabhizinisi akhe, wayekade embuka amncishe amehlo uValerie. Wayemthathisa okomuntu owayengenangqondo, noma owayekweswele ayengakwenza ngaphandle kokuphuza, ukubhema nokufunda nezincwadi lezi ayegcina esezigqolozele. Ngasese wayembiza 'ngempukane yasebha'. Kwakuze kwathi zolo lokhu, ezinyangeni ezintathu ezazedlule uDave wazehlisa, wathi gozololo etafuleni, wambingelela baxoxa.
>
> "Usuku lwanamuhla empilweni yami ngizoluqopha njengosuku olukhulu nolubalulekile," wayesho uValerie okhela umndweza, eyikhipha kancane intuthu, ebambelele esihlathini, amehlo ejule emajukujukwini olwandle.
>
> "Yini ebalulekile ngosuku lwanamuhla, Nksz. Bennett?"
>
> "Ukubona umuntu ofana nawe, ongalulalwa mpukane, ehlala eduze kwempukane yasebha."

3.1 Sithini isihloko sale ndaba ofunde isiqeshana sayo? (1)

3.2 Owakwabani isibongo lo Dave okukhulunywa ngaye lapha? (1)

3.3 Wayehlobene kanjani uDave nalo Valerie azehlisa kuyena? Chaza ngephuzu elilodwa. (1)

3.4 Yini eyabangela ukuba uValerie agcine esehlala eBha kaDave? Chaza ngamaphuzu amabili. (2)

3.5 Kwenzakalani emva kokuba uValerie exoxe noDave ngalolu suku? (2)

3.6 Bhala amagama amabili amadolobha uDave ayenamabhizinisi khona? (2)

3.7 Obani amagama ezisebenzi zikaDave ezazihlala noValerie emzini wakhe? (2)

3.8 Impatho ayithola emzini kaDave uValerie yayiguqula kanjani impilo yakhe? Chaza ngamapuzu amabili. (2)

3.9 Uchaza ukuthini uValerie uma ezibiza ngempukane yaseBha? (2)

3.10 Yiziphi izinto ezimbili ezazifana ngezimpilo zikaValerie noDave? (2)

**[17]**

4. Funda lesi siqephu esilandelayo bese uphendula Imibuzo ezolandela.

Wayesezame izikhathi ezinengana uMakhoba ukuhonisa indodana yakhe ngobuhle bemfundo. Kwakumane kube sengathi uthela amanzi emhlane wedada njengoba uMvuseni umane athi akasayingeni neze yena indaba yemfundo. Azame ukuyikhiphela sonke isineke uMakhoba, indodana eyitshela ukuthi umsebenzi wabantu abangafundile uya ngokuya uncipha, sekudingeka abantu abaqeqeshiwe emsebenzini. Abantu abangeke babe nezinkinga zokumelwa emsebenzini njengabo oMakhoba abamelwa kuze kuyoshona ilanga. EnguMvuseni imane ithi yona ukumelwa yinto yokugcina engenzeka, ayisoze yamelwa yona. Isho nokusho ukuthi abantu bokumelwa yibo kanye oMakhoba abangakhonkcisi ngisho nokuncane ukuhlakanipha okungaholela ekuphumeleleni okuphelele. Iqhube ithi kufanele futhi bamelwe bona ngoba bayile nhlobo endala, engahambisani nezinguquko ezenzekayo ezweni. Oselucasula uMakhoba kakhulu ngukuthi ilikhiphe lime lithi mpo indodana yakhe leli gama lokuthi bona bangabantu bokudeleiswa endleleni ukuze ziphumelele izinhloso zabo zokuletha izinguquko empilweni. Ngakho ingafa nokufa yona enguMvuseni kunokuba iphinde iyoshaywa ngothisha esikoleni beyibuza umsebenzi wesikole. Nala mahlulukwe amponga ayegqoka esikoleni ayandina, nakukhu ukuba kulokhu kuthiwa iyinduna yabafundi ngoba nakho endala kunabo kuyancasula. Ngakho-ke ngeke yena esayimela leyo nto, ontangayabo hayasebenza manje, ngakho-ke akasazimisele ngokuqhubeka nesikole.

4.1 Ubani igama loseqome ukusiycka isikole? (1)

4.2 Uthi yini eyamenza wagcina enqume ukusiycka isikole lo wesilisa? (2)

4.3 Ngokucabanga kwakho kwakufanele yini ubaba kaMvimbeni amphoqe ukuba aqede isikole uMvimbeni? Sekela impendulo yakho ngamaphuzu amabili. (2)

4.4 Kwakungubani isibongo sikamama kaMvuseni (1)

4.5 Ngabe umbono noma iqiniso ukuthi uMakhoba wayebahlonipha abantu besifazane. (3)

4.6 Kwakungubani igama likaMakhoba? (1)

4.7 Wayechaza ukuthi uMakhoba uma ethini, "sengathi uthela amanzi emhlane wedada" ngesikhathi ekhuluma noMvimbeni ngesikole. (2)

4.8 Vuma noma uphikise lo mbono othi igama likadadewabo kaMvimbeni lalihambisana nezenzo zakhe endabeni. (2)

4.9 Ake ubhale ngengwijikhwebu etholakala kule ndatshana. (2)

4.10 Indodakazi kaMakhoba yayifundele muphi umsebenzi (1)

**[17]**

ISAMBA SESIQEPHU B: 35

ISAMBA SESISONKE: 70